**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHANSI**
**(Iphepha Lesithathu)**

**ISIKHATHI: 2 amahora**

**IMIKLOMELO: 80**

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B, no-C.
- Esigabeni A khetha isihloko esisodwa ubhale ngaso indaba engagcwala ikhasi nengxenye.
- Esigabeni sesibili kunemibuzo emibili uzokhetha umbuzo **owodwa** embuzweni ngamunye.
- Kanti esigabeni C khona uzokhetha umbuzo owodwa kwemine oyibuziweyo.

ISIGABA A


**UMBUZO 1**

Khetha isihloko esisodwa ubhale indaba engaba yikhasi nengxenye noma amagama angama-250 - 350.

1.1 Bheka nasi isithombe senhlekelele eyadalwa yiTsunami nyakenye phesheya, yedlula nezinkulungwane zabantu. Bhala indaba ngemizwa efika kuwena lapho usibuka.



1.2 Buka umfanekiso ngezansi ubhale indaba ezogcina ngala mazwi. "Ngangimtshelile ukuthi angabhukudi ngoba akakwazi".




1.3 Bhala indaba ezogcina ngala mazwi: "Ngiyokhohlwa ngifile".

1.4 Bhala indaba ngalesi sihloko: Ikusasa lezilimi ezimnyama.

1.5 Bhala indaba ngalesi saga: Umthente uhlaba usamila.

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [30]**

## ISIGABA B


## UMBUZO 2

Khetha isihloko esisodwa ubhale ngaso ugcwalise ikhasi elilodwa noma amagama ayi-150 – 200.

2.1 Nifunda kude nasekhaya. Nangu umngani wakho esithombeni esingezansi. Uvelelwe umshophi. Bhalela **abazali** bakhe ubazise ngokwenzekile, nanokuthi bafike ngokushesha ngoba kunophenyo okumele lwenziwe.



2.2 Bheka nasi isithombe sabantu abasezindaweni ezahlukahlukene, bekhombisa ukuphatheka kahle nokukhululeka. Izindawo ezinjena azikho nhlobo ngakini. Beninomhlangano wezakhamuzi nibhunga ngalolu daba. Bhala **amaminithi** alowo mhlangano.



2.3 Lapha ngezansi esinye sezihleza zezimoto "zomalume" abathutha ngazo izingane zesikole. Bhalela uMphathi Wezokuthutha **imemorandamu** ukhononde ngalesi simo.




**(15)**

**UMBUZO 3**

3.1 Uthole umsebenzi izolo, nokho basafuna ukubona ukuthi ungumuntu onjani. Bacele nokuthi ulethe **uhla lwakho lokuzazisa (CV).** Yibhale ngokukhulu ukucophelela.

3.2 Umakhelwane wakho usebenza kude. Umuzi wakhe kukhona owujikijele ngebhomu. Kumanikiniki kwakhe. Bhala **isihlanzamagama(fax**), umtshele abuye ngokushesha. **(15)**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [30]**

ISIGABA C

**UMBUZO 4**

***Inkosi yinkosi ngabantu* – C.T. Msimang**

4.1 Khetha umbuzo **owodwa vo** kulesi sigaba.

4.1.1 Buyini ubuciko bomlomo? (2)

4.1.2 Shono ukuthi hlobo luni lobuciko bomlomo obuku A-ngokukhetha impendulo yakho ku B.

| A | B |
| --- | --- |
| a) Ubani lo?<br>Undendezani<br>Uza kuba? | A. Umlolozelo |
| | B. Isithakazelo |
| b) Inkomo enomlomo kayinamasi | C. Isisho |
| c) Thula mntwana<br>Thula nsizw' endala | D. Isilandelo |
| | E. Isiphicaphicwano |
| d) Ukugaya izibozi | F. Isaga |
| e) Kuyiqiniso yini ukuthi nxa ubamba imbila ngomsila onke amazinyo ayo ayakhumuka? | |
| f) Sibiya ngenkomo<br>Abafokazane bebiya ngamahlahla | |

(6)

4.1.3 Zibaluleke ngani izaga? Shono kube kubili. (2)

4.1.4 Nika isiphicaphicwano esinendikimba yezilwane kanye nempendulo yaso. (2)

4.1.5 Kusuke kuyisiphicaphicwano esinjani uma kuthiwa siyisiphicaphicwano esifishane? Chaza unike nesibonelo. (3)

4.1.6 Ake ubonise okubili okukhomba ubunkondlo obukhona kulesi sithakazelo sabakwaMkhize.

AbakwaMkhize
Gubhela!
Gcwabe!
Wena kaZihlandlo!
Wena kaKhabazela kaMavovo!
Mumbo omhlophe
Okhany' amasi esiswini! (2)

4.1.7 Zixoxelwani izinganekwane ebusuku? Nikeza okubili. (2)

4.1.8 Zivelaphi izithakazelo? (1)
**[20]**

**NOMA**

4.2 Hluza inganekwane ethi INJA NEKATI ngokusebenzisa le migomo yokuhluza inganekwane elandelayo.

4.2.1 Isakhiwo. (10)

4.2.2 Abalingiswa. (5)

4.2.3 Amasu omxoxi. (5)
**[20]**

**NOMA**

**UMBUZO 5**

***Umlabalaba* – O.E.H.M. Nxumalo**

5.1 Funda nansi ingxenye yendaba emfishane bese uphendula imibuzo elandelayo.

> Lungithi heqe uvalo. Ngime. Ame. Kungabe...?
> "Hawu, cishe ngezwa emuva kwendaba ukuthini?"
> Ngibuza ngokungingiza. Ngizwa nginexhalana.
> Amomotheke uThembisile. Abe muhle ngokunye.
> "Phela ziyaduma ngenyanga ezayo. Ngiyashada".
> Libe ngumkhonto lelo enhliziyweni. Inhliziyo ivele igxize igazi
> Kuxege amadolo.
> Ngithi ngizama ukukhuluma lenqabe izwi. Kube mnyama amehlo.
> Yinto engizoyithini lena? Kuqine inkungu ekhanda.
> Ngixegezele, ngiyohlala onqenqemeni lomgwaqo. Ngimbuke
> uThembisile. Unkemile. Ngihlome ikhanda phansi. Ziwohloke
> izinyembezi. Zigobhoze. Zigobhoze...

5.1.1 Shono ukuthi bakuphi oNdumiso noThembisile uchaze nokuthi bazokwenzani kule ndawo. (3)

5.1.2 Isifundo esitholakala kule ndaba sithi "Ungalahli okukhona ngokungekho". Uthini wena sekela impendulo yakho ngezigameko ezisendabeni. (4)

5.1.3 Ake uchaze umehluko okhona phakathi kwezinyembezi ezikhalwe nguNdumiso ekuqaleni nalezo azikhale ekugcineni. (2)

5.1.4 Iyiphi inkinga ebhekene noNdumiso kule ndaba emfishane? (1)

5.1.5 Ake ukhiphe udweshu olulandelayo bese uyachaza ukuthi lubonakale kanjani kule ndaba.

(a) Udweshu lwangaphakathi. (2)
(b) Udweshu lwangaphandle. (2)

5.1.6 Ngubani omunye umlingiswa otholakale egobhoza izinyembezi?

Ubekhalelani-ke yena? (2)

5.1.7 Khipha ingwijikhwebu etholakala esiphethweni. (1)

5.1.8 Isuke injani inhliziyo uma igxaza igazi? (1)

5.1.9 UNdumiso lona ungumlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)
**[20]**

**NOMA**

5.2 I-eseyi ethi UKUSIKA UKHASI iyi-eseyi yokuphika inkani, ake ufakazele lokhu ngezibonelo umlobi azisebenzisile kusukela esingenisweni kuze kuyofika esiphethweni.

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [20]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**

**ISIPHETHO**